# UHLELO LOKUKHIQIZWA KWEZIMOTO NENTUTHUKO (APDP)

## Iyini i-APDP?

UHlelo lokuKhiqizwa kweziMoto neNtuthuko (APDP) uhlelo lokujabulisa lomkhiqizo embonini yezimoto okuhloswe ngalo ukukhuthaza umthamo womkhiqizo embonini ethile yezimoto, ukukhuthaza ukwandiswa kwenani engxenyeni yemboni yezimoto bese kusunguleka amathuba emisebenzi ekukhiqizweni kwezimoto. I-APDP ilawulwa ku-Rebate item 317.03 yeSheduli 3 eMthethweni i-Customs and Excise Act, No. 91 of 1964.

Namuphi uMkhiqizi weziMoto kanye/noma umkhiqizi wemishini (Motor Vehicle Manufacturer and/or Original Equipment Manufacturers (OEMs)) ongenisa izingxenye zemishini ezosetshenziselwa ukukhiqiza izimoto ezithile kumele athole imvume yendawo ekhethekile yokukhiqiza i-Special Manufacturing Warehouse bese ebhalisela ukudluliselwa kokusetshenziswa ekhaya i-Home Use Processing ngaphansi kwe-Rebate Item 317.03.

Ababhalisayo abafisa ukufaka isicelo sezimali kumele bathobele lezi zidingo ze-Refund items 536, 537 kanjalo neSigaba 75 soMthetho we-Customs and Excise Act inqobo nje uma befaneleka.

I-APDP izogcina ngonyaka wezi-2020 ngaphandle uma uMnyango wezoHwebo neziMboni unquma ukulwelula lolu hlelo.

## Uyibhalisela kanjani i-APDP kanye nokuthola imvume ye-VS?

- Faka isicelo kuKhomishana elawula ukwenganyelwa kokuhweba i-International Trade Administration Commission of South Africa (ITAC) ukuze uthole imvume yokubamba iqhaza ku-APDP.
- Uma usugunyazwe yi-ITAC, gcwalisa ifomu lokufaka isicelo elidingekayo kanye nesithasiselo/zithasiselo ezifanele:
    - DA 185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients
    - DA 185.4A3 - Rebate User (Schedule Nos. 3, 4 and 6) – (isigaba 75 kanye nemithetho ehambisana naso)
    - DA 185.4A5 - Special Manufacturing Warehouse APDP

## Uyithola kanjani imvume yendawo yokukhiqiza (APDP)?

- Gcwalisa ifomu lokufaka isicelo elidingekayo kanye nesithasiselo/zithasiselo ezifanele.
- Thumela amadokhumenti afakazelayo agxiviziwe njengoba ebhaliwe efomini.
- Khokha imali efunekayo yokuthola imvume.
- Khokha isibambiso uma sikhona.
- Thola imvume ku-Trade and Investment South Africa (TISA) ngaphansi koMnyango wezoHwebo neziMboni.